UNIVERSITY OF KWAZULU-NATAL
Retirement Fund

Fund Bulletin

IMININGWANE YOKUSHINTSHA KOKUMA KOKUTSHALWA KWEZIMALI KWANGOMHLAKA 1 FEBHUWARI 2015

Ubunikazi obusemthethweni bezimali

Ngenxa yalolu guquko, yize njengamanje izimali zesiKhwama zikhoseliswe ngaphansi kweStandard Bank njengomgcini wazo, kusukela mhlaka 1 Febhuwari izimali seziyokhoseliswa ngaphansi kwe-Investment Solutions, nokuyoba yizimali eziyoba ngaphansi kwegama lesiKhwama ngaphansi kwemigodlagodla yakwa-Allan Gray nowakwaFoord nokuyimigodlagodla enguthelawayeka eqokiwe. I-Investment Solutions yiyona ezobhasobha ukusetshenziswa kwezimali zinsuku zonke, futhi yiyona esizobika ngokwenzeka kuzo esiKhwameni zinyanga zonke.

Izimali zokutshala izimali

Umgodlagodla onguthelawayeka wakwa-Allan Gray
Iyonke nje imali yokutshala izimali yakwa-Allan Gray emgodlagodleni onguthelawayeka angeke ishintshe. Yize-ke intela ye-VAT ingeke isakhokhwa kwizimali zakuleli ngoba leyo ntela iyokhokhwa yizimali eziyobe zikhokhelwe i-Investment Solutions ngokugada nokubheka kanye nokubika ngokukhula kwezimali zesiKhwama.

Umgodlagodla onguthelawayeka wakwaFoord
Imali eyisizinda yokutshala izimali emgodlagodleni onguthelawayeka wakwaFoord izokwehla cishe ngo-40% kwizimali ezitshalwe kuleli bese kuba ngu-25% kwizingxenye zezimali ezitshalwe kwamanye amazwe. Kodwa-ke ukwengeza kulezi zimali eziyisizinda, isiKhwama siyophinda futhi, kusukela ngomhlaka 1 Mashi 2015, sitshale imali eyoba ngu-12% nokuyobe kuyimali eyodingeka uma umgodlagodla ukwaze ukukhulisa izimali ngaphezu kwendlela ebilindelekile, kuhlanganisa nentela ye-VAT. Kuyophinde futhi kube nezimali eziyokhokhelwa i-Investment Solutions ngomsebenzi wayo wokugada nokubhasobha izimali zesiKhwama kanye nokubika ngokwenzekayo ngezimali zesiKhwama.

Le mali ekhokhelwa umgodlagodla ngokwenza kahle kwawo ekukhuliseni izimali zesiKhwama kusho ukuthi iyoba nkulu kakhulu imali eyokhokhwa yisiKhwama ngezikhathi lapho khona abakwaFoord bekhiqize izinzuzo eziphezulu kakhulu, ukwedlula izikhathi lapho bengazenzanga izinzalo eziphezulu. Lokhu kusebenza kokutshalwa kwezimali ngabakwaFoord kuyokalwa ngokuthi kusetshenziswe i-Alexander Forbes Global Large Manager Watch median.